# Isingathwa Ngobuhlakani Nobuchule Obunzulu Imiklamo Yezokwakha

Udaba lwethulwa nguVusi Shabalala kanti izithombe zithwetshulwe nguSolomon Mashatole




UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali ube ngundaba mlonyeni ngenxa yokwakhiwa kwesikhungo 'sikanokusho' sokusingatha izingqungquthela, i-*Conference Centre,* eSifundeni saseThekwini, e-Mayville, eThekwini. Sekuyiminyaka ecishe ibe mithathu lesi sikhungo sihlala simatasa ngaso sonke isikhathi ngokusingatha izingqungquthela ezihlonishwayo, imihlangano kanye naleyo yokucobelelana ngolwazi nemicimbi.

Ukuguqulwa kwesakhiwo esivele sikhona njengamanje sibe yigumbi lokudlela, i-*Dining Facility,* akubanga yinto eyavele yazenzekalela nje kungazelelwe kodwa kwaba ngumphumela wobuhlakani nobuchule kwabasebenzi abasebenza ngokuzikhandla oPhikweni Lwemisebenzi Yezobungcwepheshi eMnyangweni. Leli gumbi lokudlela lakhiwe labhekana ne-*Conference Centre* ngenhloso yokuthi ligcine liyisikhungo esingunomphela sokudlela uma kunemicimbi lapha. Ukusetshenziswa kwalesi sikhungo kuzozehlisa kakhulu izindleko, kwazise njengamanje kwethenjelwe ezakhiweni zesikhashana kumbe amatende okudlelwa kuwona. Ngakho-ke ukuguqulwa kwaso kuzokwenza lesi sikhungo sikwazi ukumumatha abantu abangama-270 abahlezi phansi.

Ubuhlakani nobuchule beThimba lalo Mklamo eliholwa nguMnumzane Solomon Mashatole, buzohlaluka kakhulu uma sekubhidlizwa uphahla, ingaphandle kanye namagumbi angaphakathi esakhiwo esivele sikhona njengamanje, kanti-ke izinsika zensimbi zona zizosala zimile angeke zibhidlizwe. Izinsika zensimbi zizopendwa ukuze zingathombi bese ziphinda zisetshenziswe kanti-ke imisebenzi eseceleni ilokhu iqhubeka. Igumbi elisha lokudlela lizokuba nendawo yokuhlala enezindlu zangasese; ikhishi, igumbi eliyisibandisi, isitodlwana; amagumbi okushintshela abasebenzi anezindlu

zangasese; iphasishi elixhumanisa i-*Conference Centre* ne-*Dining Hall*; igumbi lokudlela elizimele lezicukuthwane elinezindlu zangasese kanye nendawo enhle ngokunjalo negceke okubheke i-*Conference Centre*. Lo mklamo uzokwekelela inqubomgomo yoMnyango yokwakha izakhiwo ezikwazi ukumelana nokuguquguquka kwesimo sezulu, i-*Greening Policy,* ngokuthi kube namathange okugcina amanzi emvula, ama-*motion sensors* ezindlini zangasese, amalambu onga ugesi, kube nogesi welanga emalambini angaphandle kanye nemisindo yobuchwepheshe besimanje.

Esingakubika maqondana nebanga eselihanjiwe kulo mklamo ukuthi ukubhidliza sekuphothuliwe kwakhishwa nophahla lwezinsimbi kanti-ke izinsika zensimbi ezisele zizoxhunywa ukuze zilingane nophahla. Igumbi lezicukuthwane lengeza esakhiweni esivele sikhona njengamanje kanti-ke ifawundesheni yalo iyambiwa njengamanje kulungiselelwa ukufakelwa izinsika kanye nokhonkolo. Ubuholi bukaNkk. Nomcebo Lembethe buqinisekise ukuthi uNkk. Thokozani Dumakude udidiyela ngendlela efanele ukubandakanyeka kohlelo lwe-EPWP kulo mklamo. Umphakathi ulibambe ngokugcwele iqhaza kulo mklamo njengalokhu kusebenza amalungu omphakathi akuWadi 30, kuMasipala waseThekwini. Kusemqoka ukubalula ukuthi kuneKomidi, i-*Project Steering Committee* (PSC), okuyilona elisekhaleni lalo mklamo elibunjwe yiKhansela leWadi, uSonkontileka, abasebenzi be-EPWP, umsebenzi onguxhumanisi nomphakathi kanye noMholi woMklamo, kanti-ke imihlangano yalo ibanjwa kabili ngenyanga. Inhloso yaleli komidi ukuxazulula izinkinga eziphathelene nabasebenzi, ezikhona nezingase ziqubuke.



**Ingaphandle kanye nengaphakathi elibhidliziwe, kanti izinsika zensimbi zona zisale zimile azisuswanga**

Ngalo mklamo kudaleke amathuba omsebenzi ayi-12 abantu abazosebenza kuze kuphothulwe lo mklamo, kanti–ke ngokuqhubeka kwawo kusazodaleka amanye futhi amathuba omsebenzi. Kulo mklamo abantu bendawo abaqashiwe bazoncela amakhono ahlobahlosile kubasebenzi abaqeqeshiwe. Isiza salo mklamo siyahambisana nezimiso zoMthetho Wezempilo Nokuphepha Emsebenzini, izimiso zoMnyango Wezabasebenz,i i-*Department of Labour Ministerial Determination,* okubandakanya umholo, impahla egqokwayo yezokuphepha emsebenzini, izibopho zenkontileka kanye nokwedluliselwa kwamakhono.

Abasebenzi ababili (2) abangasemathwasa emnyangweni, uSphamandla Duma kanye noSanele Thusi njengamanje baqhuba izifundo zabo zoqeqesho kulo mklamo. Bafundela ukuba babe yizingcwepheshi ezirejistiwe *(i-Pr. CPM)* kanye nokuthola iziqu kweZokwakha ngalolu hlelo lomnyango lokujwayezwa umsebenzi kanye nokuqeqeshelwa umsebenzi. Bobabili laba bangaphansi kwesandla sikaMnumzane Solomon Mashatole, oyiMenenja Yemiklamo Yezinkontileka emnyangweni.